RI 2

Isihloko sesifundo: UJesu ensimini yaseGetsemane

Umhlahlandlela womzali

Isikole sangeSonto Isikole sasekhaya

Mzali Othandekayo

Uyamukelwa kusifundo: **UJesu ensimini yaseGetsemane**

Lomqulu ukunika umhlahlandlela ofanele wokuba ungasethula kanjani lesi sifundo.

Ungasilungiselela futhi usethule kanjani lesi sifundo

Nanka amanye amasu ngezansi wokulungiselela nokwethula lesi sifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
1.	Finyelela ku Webhusayithi ye-New Apostolic Church ngokufaka noma ngokuchofoza kusixhumanisi esilandelayo kusuka ku-WhatsApp: https://bit.ly/3NACSSHS
2.	Qoqa lezizinsiza zokufunda ezilandelayo ukuze uqiniseke ukuthi usihlomele lesisifundo: • IBhayibheli • Isifundo ngefomethi ye-PDF esivele silungisiwe • Incwadi yengane yokusebenzela kanye namapensele, amakhilayoni, njll. • I-Vidiyo kiliphi okuyisisiza sokufunda esingezekile / isisiza sokufunda ongazikhethela ngokuthanda kwakho • Ikhathekizimu yemibuzo nezimpendulo (Ikakhulukazi kulesisifundo sesiQinisiso). **Qaphela:** 2.1: Isikhathi esifanele sokuthulwa kwalesisifundo, kungemuva kwenkonzo yangeSonto ekuseni, ngokuhambisana nesikhathi sesikole sangeSonto ukuze kugcinwe inqubo yesikhathi esijwayelekile. 2.2: Uyacelwa ukuba ugcine isifundo sibe mfushane uma kunokwenzeka, khumbula izinga lokunaka kwezingane zethu (gxila esifundweni) - uyazi kangcono ingane yakho! *Isikole sangeSonto ngokuvamile asidluli imizuzu engama-45.* 2.3: Lesisifundo silungele ibanga le-RI 2. 2.4: Uyacelwa uthinte uThisha wakho we-RI 2 uma udinga noma yiluphi usizo noma uma udinga ezinye izinsizakufunda kulezi ezingenhla.
3.	Khuleka (bheka umkhuleko osekugcineni kwalomqulu) bese ucela uNkulunkulu ukuba akusebenzise njengethuluzi ukwethula isifundo ngendlela Yena afuna ukuba usethule ngayo.

Fundisa lesisifundo sesikole sangeSonto ekhaya

Ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo

Siyaqhubeka nokwabelana ngezeluleko ezithile zokuthi ungasilungiselela futhi usifundise kanjani lesisifundo:

Isinyathelo	Okufanele ukwenze
4	Yenza indawo ilungele ukufundisa engenaziphazamiso lapho wena nengane / nezingane nisezingeni elifanayo. ***Isibonelo***: Hlala phansi ocansini noma eduze kwetafula.
5	Funda kulesisifundo. Phinda ufunde futhi isifundo ukuze usiqondisise kahle. Bukela lesisifundo sevidiyo kiliphu ukuze uthole ukuqonda okungcono ngalesisifundo.
6	Zenzele amanothi ngamaphuzu abalulekile ongathanda ukuwakhumbula.
7	Yazi inhloso yalesisifundo ingane yakho okufanele siyikhumbule.
8	Yethula lesisifundo enganeni yakho noma uyifundele lenandaba uma uthanda.
9	Khombisa ingane yakho ividiyo bese uphinde ubuyekeze incazelo yayo.
10	Khombisa ingane yakho umsebenzi okufanele iwenze encwadini yayo yokusebenzela
11	Khuleka, noma ucele ingane yakho ukuba ikhuleke bese uphetha isifundo.

Izinsiza zokufunda ezitholakalayo mayelana nokufundisela ekhaya.

Nazi ezinye izinsiza zokufunda zokungezelela lesisifundo sibe sezingeni leqophelo:

1. I-WhatsApp. Xoxani ngesifundo se-RI 2 nomunye umndeni osifundayo nawo.

2. Xoxisanani ngesifundo nabanye abazali ukuze uthole ukuchazeleka kahle mayelana nesifundo ngaphambi kokuba sifundiswe.

3. Khululeka ukwenza olwakho ucwaningo ukuze uthole ulwazi olungezekile.

4. Khuluma noMxhumanisi webandla lakho noma uThisha.

Isifundo

Isihloko	UJesu ensimini yaseGetsemane
Umbhalo weBhayibheli	NgokukaLuka 22: 39 – 54
Inhloso yesifundo	Izingane zifunda ukuthi uJesu walwa kanjani emkhulekweni ukuze akwazi ukufeza intando kaYise.

Isifundo esifingqiwe:

• Ngemuva kweSidlo Sokugcina, uJesu wahamba nabafundi abayishumi nanye baya ensimini yaseGetsemane ngezansi kweNtaba yemiNqumo.

• UJesu wabese utshela abafundi baKhe abayisishiyagalombili ukuthi bahlale ekungeneni ngenkathi Yena eyothandaza.

Wathatha uPetru, uJakobe noJohane, kwathi lapho efika endaweni ethile ayeyiqophile, wathi kubo: *“Khulekani ukuba ningangeni ekulingweni.”*

• Ngemuva kokuba uJesu esabashiyile, bakhathala baze balala.

• UJesu waya ngokusondela kancane ensimini, waguqa phansi esosizini wakhuleka wathi: *“Baba, uma uthanda, susa lesisitsha kimi; nokho makungenziwa intando yami kodwa eyakho.”*

• Esosizini lwaKhe, uJesu wakhuleka eqinisela, izithukuthuku zaKhe zaba-njengamathonsi egazi, aconsela emhlabathini.

- Emva komkhuleko wesithathu, lapho uJesu ebuya futhi wabafumana belele futhi, wathi kubo: “Nisalele futhi nisaphumulile na? Bhekani! UMkhapheli waMi usesondele.”

- UJuda weza nezikhulu zamaphoyisa asethempeleni, behlome ngezinkemba nezinduku.

• Wasondela kuJesu ukuyomanga. Wayesethi uJesu kuye: *"Juda, uyayikhaphela iNdodana yomuntu ngokuyanga na?"*

• Lapho abafundi bebona okuzokwenzeka, babuza: *“Nkosi ingabe kumele sigadle ngezinkemba zethu na?”* Babefuna ukuvikela Jesu.

• Ngemuva kwaloko uPetru washaya inceku yomPristi omkhulu, wayinquma indlebe yokunene.

• Kepha uJesu wathatha wathi: *“Musani; sekwanele!”* Wayiphatha indlebe yendoda, wayipholisa.

• Ngaleso sikhathi uJesu wathi kuso isixuku: *“Niphumile kungathi nize kumphangi niphethe izinkemba nezinduku. Benginani imihla ngemihla ethempelini, anelulanga-zandla kiMi*…” “Kodwa, konke lokhu kwenzeke ukuze imibhalo yabaphrofethi igcwaliseke.”

• Ngemuva kwaloko uJesu wavuma ukuba bambophe khona lapho abafundi bamshiya babaleka.

Ingabe sisho ukuthini lesisifundo kithina namhlanje na?

• NgokukaMathewu 26 amavesi 53-54 uJesu wathi: *“Ingabe uthi ngingecele kuBaba angithumele manje amalegiyona ezingelosi adlula ishumi nambili na? Pho-ke ingagcwaliseka kanjani imibhalo yokuthi kumelwe ukuba kubenjalo na?”*

• KuJesu, kwakubaluleke kakhulu ukufeza intando kaNkulunkulu kunokugwema ukuboshwa.

• Impilo kaJesu yaziwa ngokulalela uNkulunkulu nangokuzinikela kuNkulunkulu. Wayezimisele ukunikela ngokuphila kwaKhe ukuze asisindise.

• Kumele silandele isibonelo sikaJesu ngo:

- Ø Kulalela uNkulunkulu - ukulalela imiyalo yaKhe.
- Ø Ukuzithoba ngaphansi kwentando kaNkulunkulu - yamukela uhlelo lukaNkulunkulu ngawe futhi nokwazi ukuthi uNkulunkulu uzokusiza njalo ngoba uyamthanda futhi uyamethemba;
- Ø Kuthanda omakhelwane bethu – Baphathe njalo ngobubele

Kufanele sithande uNkulunkulu ngaso sonke isikhathi, simethembe uNkulunkulu futhi simlalele uNkulunkulu.

Kuleliviki yenza umzamo wokutshela okungenani umngane oyedwa ukuthi kumele sethembe uNkulunkulu futhi silalele imiyalo yaKhe.

Yenza umsebenzi 1, 2 no-3 nengane yakho.

Impendulo yomsebenzi 1:

• UJesu **washumayeza** abantu abaningi.

• Wa**memezela** ivangeli.

• Ngokwenza izimangaliso, uJesu **waqhakambisa** umsebenzi waKhe.

• Wa**butha** abafundi.

• Wagunyaza **ukuthuma** abaphostoli ababezohola ibandla laKhe.

• **Umbiko ofanele esiwuthola kuNgokukaMarku 10: 45**: *"Ngokuba nayo iNdodana yomuntu ayizelanga ukukhonzwa, kepha ukuzokhonza nokunikela ngokuphila kwaYo, kube-yisihlengo sabaningi."*

• **Isigwebo esingacwengiwe - ukuthunywa nguNkulunkulu**: UJesu wayezothathela phezukwaKhe umthwalo wesono sazo zonke izidalwa zabantu, anikele ngokuphila kwaKhe esiphambanweni ukuze kuhlengwe bonke abayizidalwa zabantu.

Impendulo yomsebenzi 3:

AmaHubo 68: 19: *"Mayibongwe iNkosi. Iyasithwala imihla ngemihla; uNkulunkulu uyinsindiso yethu."*

Eminye imibuzo esingayibuza:

1. Ingabe bangaki abafundi abahamba noJesu baya ensimini yeGetsemane na?

   Impendulo: abafundi abayishumi nanye

2. Ngubani kubafundi owayengekho kuJesu futhi kwakungani na?

   Impendulo: UJuda, owayezokhaphela uJesu

3. Ingabe yini leyo uJesu ayenza ensimini yaseGetsemane na?

   Impendulo: UJesu waya ukuyokhuleka kuNkulunkulu ukuba asuse isitsha, kuphela uma kuyintando kaNkulunkulu.

4. Ingabe ngubani owabonakala kuJesu emqinisa na?

   Impendulo: Ingelosi

5. Ingabe kungani uJesu wavumela ukuba bambophe na?

Impendulo: Wayelalela intando kaNkulunkulu nokuthi kwakumele kugcwaliseke imibhalo.

6. Ingabe kwakuyiziphi izimpawu zempilo kaJesu na?

Impendulo: Ukulalela uNkulunkulu, ukuzinikela ngaphansi kwentando kaNkulunkulu nokuthanda kwaKhe izidalwa zabantu.

UMkhuleko kaBaba noMama ngaphambi kwesifundo:

Nkulunkulu othandekayo, ngiyakubonga ngalolusuku

Busisa bonke abazali nezingane

Sengathi singabuzwa ubukhona baKho

Busisa isifundo esizoba naso

Sicela usifundise ukukukhonza

Futhi usisize ukwenza intando yaKho

Ukuze sikhule sisondele kuWe

Thumela uJesu azosilanda

Futhi kwangathi singalungela ukuhlangana naYe

Amen